



# Usizo Labakwa-SASRI e-Big Cedar Farm Ngokufunda Ukuhlonza Umhlabathi



**Ibhalwe ngu: Nolwazi Madlala**

Ngomhla we-18 kuNhlabha 2016 umlimi wase-Big Cedar Trading wacela u-SASRI ukuba usize abafundi baseCwaka (Owen Sithole Agricultural College - OSCA) abasebenza emapulazini aseMfolozi atshale umoba ukuba ubafundise ngokukwazi ukubheka izinhlobonhlobo zomhlabathi. Laba bafundi bafunda iziqu zabo zezolimo eCwaka benza unyaka wesithathu kanti sebeyaphothula izifundo zabo. Abafundi abangamashumi amathathu nesikhombisa bebesuka emapulazini ahlukahlukane njengano-MTE, Sthully Trading, Big Cedar naseNkosiyethu. Bonke laba bafundi babeyingxenye yokufunda ngokuhlonza umhlabathi epulazini lase-Big Cedar. Abanye ababeyingxenye yalezi zifundo kwakukhona abamele i-CEDARA, i-OSCA, u-CANEGROWERS, Umfolozi Sugar Mill (USM), abeluleki boMnyango wezolimo kanye nabakwa-SASRI bonke bezolekelela ngokufundisa ngokuhlonzwa komhlabathi.

## Izinhloso zosuku kwakuyilezi:

- Ukuqonda umhlabathi nobumqoka bawo.
- Ukubafundisa abafundi ngokuhlonzwa kwemihlabathi.
- Ukuqonda izinhlobo ezahlukene zomhlabathi nokuzibona.
- Ukuqhathanisa umhlabathi nohlobo lomoba okumele lutshalwe kuwona.

- Ukufunda ukubona imihlabathi ehlukenene.
- Ukuqonda izidingongqangi zokuhlola umhlabathi.
- Ukuchazelwa ngesivuno esingatholakala kulowo mhlabathi okhona.
- Ukuchazelwa ngenzuzo ongayithola kulowo mhlabathi uma utshala ngendlela efanele

Abafundi bavula imigodi eyisithupha ezindaweni ezahlukene emasimini akhona epulazini ukuze kutholakale umhlabathi ohlukile abangafunda kuwo. Umhlabathi owatholakala emigodini eyisithupha eyayivulwe abafundi kwaba yi-Longlands. Le migodi yayivulwe ngobude obungange-mitha nokuvundla okungange-mitha. Amasampula omhlabathi athathwa ngalolo suku kuyo yonke imigodi athunyelwa kwa-Fertilizer Advisory Services (FAS) ukuze ahlolwe futhi kubonakale uhlobo lukamanyolo kanye nomsoco odingekayo kuwo. Abafundi bathokoza kakhulu bethola ithuba lokuhlonza umhlabathi nothisha wabo wabachazela

lapho ababengasaqondi kahle khona. Nginesiqiseko sokuthi manje ukuhlonza umhlabathi bayakwazi ngokuphelele.

Uma mlimi othandekayo uthanda nawe ukuthi u-SASRI akululeke noma akufundise kokuthize singathokoza ukukusiza ngendlela encomekayo. Xhumana nomeluleki wakho wakwa-SASRI ngokwendawo okuyona kanye naboMnyango wezolimo.

Kule ndawo yaseMfolozi nguNolwazi Madlala ku-083 459 7003 ihhovisi lakhe lisemshinini wakwa-USM.

*Abeluleki bekhombisa ukuthi uhlozwa kanjani umhlabathi*



## OKUQUKETHWE



**Ukutshalwa komoba:-** Izinto ezingakusiza ekwenzeni izinqumo ngokutshala.



**Ithimba leZifo neziNambuzane:-** Iluphi usizo abakuphathele lona?



**Ukhula:-** Ngabe utshale isitshalo noma ukhula emasimini?





## Ukutshalwa kanye nokukhetha uhlobo lomoba

Ukutshalwa komoba kuqala ngesikhathi umlimi enza izinhlelo noma amalungiselelo okutshala okuyaye kuthathe isikhathi esilinganiselwa onyakeni omda kuya kwemibili. Umuntu wokuqala okumele uthintane naye ngumeluleki wakho woMnyango weZolimo. Isinqumo sokuqala okumele usithathe wukuthi yiluphi uhlobo lomoba ofuna ukutshala, ukufinyelela kulesi sinqumo kudingeka ube nalolu lwazi olulandelayo:

### 1. ULWAZI NGOMHLABATHI WAKHO

Lolu wuhlelo olubaluleke kakhulu ngoba yilo olukunika indlela yokuthi ube nolwazi lokuthi ungatshala luphi uhlobo lomoba. Okubalulekile wukuthi umlimi athathe umhlabathi wakhe ayowuhlolela ukuthi ngabe umoba wakhe uzodinga hlobo luni lukamanyolo kanye nenani lobungako bawo. Ulwazi uhlobo nenani lukamanyolo okumele ulufake lokho kukusiza ekutheni uthole isivuno okumele sikhishwe wuhlobo lomhlabathi olima kuwo (ngamafuphi ukuthi uthole isivuno esiningi noma esikhulu) okuholela ekutheni umlimi enze inzuzo eningi. Ukuze wazi uhlobo lomhlabathi wensimu yakho, xhumana nomeluleki wakho woMnyango weZolimo uzokusiza.

### 2. IMALI YOKWENZA UMSEBENZI

Ukuthola kanye nokugcina imali yokusebenza umoba kuyafana nokuba nolwazi lokuthi isitshalo sakho siphathwa noma sikhuliswa kanjani. Kumele ubheke zonke izindawo lapho ungase usizakale khona ukuthola imali yokwenza umsebenzi ubambisene nomeluleki wakho woMnyango ukuze uqinisekise ukuthi uzotshala isitshalo esizophumelela. Kunezindlela ezimbili ongazilandela: eyokuqala ungazitshalela umoba wakho wena wedwa kanti okwesibili ungaba yingxenywe yomphilandawonye wabalimi (cooperative).

### 3. IMBEWU YOMOBA YOKUTSHALA

Uma umlimi esenalo ulwazi lohlobo lomoba azolutshala, uba eseba nezinto ezimbili eziba semqondweni ukuthenga imbewu kanye nokuyitshala. Ngalesi sikhathi yilapho kudingeka khona ubuchule bokutshala ngamanye amazwi ukuhlela kahle umsebenzi wakho. Kubalulekile ukuthi umlimi azitshalele yena imbewu asuke ezoyitshala ensimini, lokhu kwenza umlimi abe nesiqiseko sohlobo kanye nembewu azoyitshala kanti lolu hlelo lwenza umlimi akwazi ukwenza wonke umsebenzi ngendlela yakhe kanti nezindleko zokuthwala imbewu azibibikho ngoba imbewu uyigawula khona la ensimini yakhe.

### 4. UKUTSHALA

Umsebenzi obaluleke kakhulu ngaphambi kokuthi umlimi atshale wukuthi umlimi ahlele wonke umsebenzi emva kwalokho umsebenzi ube usuziqhubekela kahle. Wonke umsebenzi wokutshala kanye nokuthunyelwa komoba esigayweni udinga ukuhlelelwa.



*Ibhalwe ngu: William Gillespie yahunyushwa nguNathi Hlongwa kanye noThulani Masondo*

### 5. ITHIMBA ELIBHEKELA IZIFO NEZINAMBUZANE ZOMOBA

Yonke imbewu etshalwayo kumele kube egunyazwe yithimba lezifo nezinambuzane zomoba. Imbewu esuke igunyazwe yileli thimba kusuke kuyimbewu ehloliwe yatholwa ingenazifo noma izinambuzane ezingadingeki. Le mbewu esuke ihloliwe isiza ekutheni umlimi abe nesiqiniseko sokuthi uzothola umoba omuhle nozohlala isikhathi eside ngaphambi kokuthi insimu ilinywe kabusha lokhu kuqinisekisa isivuno umlimi asuke ezosithola.

### 6. IBANGA LOKUYA ESIGAYWENI SOMOBA

Ibanga umlimi asuke eqhele ngalo esigayweni liba nomthelela enzuzweni etholwa wumlimi ngoba lona osuke ekuthuthela umoba wakho izindleko zakhe zokuthutha uzibala ngekhihomitha alihambayo uma eya esigayweni (uma emancane nezindleko ziba ncane kanti uma emaningi nezindleko ziyanyuka), yingakho kusemqoka ukuthi umlimi okude nesigaywo kumele atshale uhlobo lomoba olunoshukela omningi.

### 7. ISIKHATHI SOKUVUNA

Imali emobeni itholakala ngesikhathi umlimi esevuna, ngakho ke umlimi kumele avune umoba wakhe ngesikhathi unoshukela omningi lokhu kwenza ukuthi uthole inzuzo ethe xaxa.

### 8. UQEQESHO LWABALIMI

Ngasosonke isikhathi uma udinga uqeqesho xhumana nabeluleki bakho beZolimo bazokusiza ngoba basuke benalo uhla loqeqesho lonyaka abasuke belwenzile. Kubalulekile ukuthi umlimi azithamele izifundo zabalimi ngoba yilapho uthakela khona noma angeza ulwazi analo ngokulinywa komoba. Ulwazi olunzulu ngesitshalo sakho lwenza ukuthi wenze inzuzo ebhekile ensimini yakho.



## Umsebenzi wethimba leZifo, iziNambuzane neziNhlobo zoMoba



*Ibhalwe ngu: Norman Mkhabela yahunyushwa nguThulani Masondo kanye noSifiso Hlela*

Indlela ithimba leZifo, iziNambuzane neziNhlobo zoMoba elisebenza ngayo ihambelana nemithetho ehluka hlukeno okubalwa kuyo; Umthetho weMboni yeNhlangothi kaShukela ka 1982, kanye neSivumelwano seMboni kaShukela sika 2000, ngokuvikela ukwanda kwezizambuzane nezifo zomoba eziyingozi ngokwakha amakomidi avikela izifo nezinambuzane zomoba kanye nokuphasiswa kwezinhlobo zomoba abalimi abavumeleke ukuzitshala ezifundeni zabo.

Ithimba lezifo nezinambuzane zomoba yilona elisebenza njengenqola yokuqinisekisa ukuthi umthetho wezifo nezinambuzane zomoba iyalandelwa.

Umsebenzi omkhulu wethimba ukuhlola amasimu ukuqinisekisa ukuthi avikelelele kwizizambuzane nezifo zomoba ukuze uma zikhona zingeqi emazingeni amukelelele ngokwamazinga esifunda. Ukuphumelela kokusebenza kwethimba kuncine ekusebenzeni ngokubambisana nabalimi. Umthetho weMboni kaShukela uthi “**wonke umlimi makaqikelele ukuthi azikho izinambuzane nezifo emasimini noma epulazini lakhe**”

### IMISEBENZI YETHIMBA LEZIFO NEZINAMBUZANE ZOMOBA:

- Ukubheka izinga/ubuhle bembewu yomoba (ukuthi ivumeleleke yini, kanye nendlela ekhiqizwe ngayo).
- Ngokubambisana nekomkhulu leMboni kaShukela u-SASA, kubekwa isilinganiso sezivumelwano zokuthi yikuphi lapho izinambuzane nezifo zomoba kumele kuthiwe sezifike esilinganisweni lapho zingaba yingozi khona.
- Libeka umgomo ngokwezifunda lapho izinambuzane nezifo sekusezingeni noma

eqophelweni leli elingadingeki ngokomthetho obekwe kuleyo naleyo ndawo.

- Laluleka u-SASA ngemibono yezinhlobo zomoba ezintsha kanye nalezo okusuke sekumele zingasatshalwa ezindaweni ezithize ngenxa yezifo noma yizizambuzane.

- Ukusabalaliswa kwezinhlobo ezintsha zomoba endaweni.

- Ukwazisa u-SASA

ngezizambuzane kanye nezifo ezintsha esezitholakele ezinobungozi.

- Ukuhlolwa kanye nokunqandwa kwezizambuzane nezifo zomoba.

- Ukuqeqesha abalimi ngezifo nezinambuzane zomoba kanye nokuthi zihlolwa kanjani.

### KWENZAKALANI UMA UMLIMI ENGANDELI IMIGOMO?

Uma umlimi engafuni ukubambisana neThimba, linamandla okumphoqa ukuthi enze lokhu okumele kwenzeke. **Isibonelo**, uma kunomoba okumele ukhishwe ngenxa yezifo noma izinambuzane leli komidi linamadla okuyalela umlimi ukuthi akhiphe lowomoba, uma umlimi engakwenzi lokho leli komidi linelungelo lokuwubulala lowomoba bese izindleko zokwenza lowo msebenzi zikhokhelwa umlimi okusuke kwenziwe umsebenzi kuye.

Leli komodi linelungelo lokuvala umoba womlimi ukuthi ungagaywa esigayweni/etsheeni umlimi aze alungise iphutha leli okuthiwa makalilungise.



### LIMSIZA KANJANI UMLIMI IKOMIDI?

- Ukubhekela izifo nezinambuzane zomoba endaweni.
- Ukubhekela izinga/ubuhle neqophelo lembewu yomoba endaweni.
- Ukuqikelela ukulandeleka kwemigomo yezizambuzane nezifo zomoba ukuthi azezi ezingeni leli ezingavumelelele kulo.
- Ukuqeqesha abalimi ekubhekeni izifo nezinambuzane zomoba.
- Ukuhlola izifo nezinambuzane zomoba bese likhipha imiphumela yamasimu ahloliwe.
- Ukwazisa nokuqeqesha abalimi mayelana nezifo nezinambuzane ezintsha ezisuke sezitholakele.

***Siyaninxusa balimi ukuthi nisebenzisanethimba uma kukhona usizo eniludingayo ngokuhlotelela amasimu, xhumana nabaphathi bethimba lezifo, izinambuzane nezinhlobo zomoba noma uthintane noMeluleki wezoLimo osebenzisana naye endaweni yakho.***



## Umeluleki Wabalimi eMfolozi

U-SASRI useqoke uNkz. Nolwazi Madlala ukuthi abe uMeluleki obhekelele izidingo zabalimi abalima ngokuncane nabalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa kwemihlaba (Land Reform Growers) abaphakela isigaywo saseMfolozi. Umsebenzi oqavile kaNolwazi noma iqhaza elikhulu lakhe ukusiza abalimi abalima ngokuncane ngezinguquko nangocwaningo olwenziwa isikhungo sakwa-SASRI.


UNolwazi uqale ukusebenza ngonyaka wezi-2007 eMnyangweni wezoLimo kwa-Department of Agriculture and Environmental Affairs (DAEA) manje osekuwu-Department of Agriculture and Rural Development (DARD) eyi-mentor emva kokuphuthula izifundo zakhe zolimo elekelele abalimi base-Melmoth abalima ngokukhulwana. Ube esedlulela kwa-Tongaat Hulett Sugar Agricultural Operations eyi-Trainee Junior Farm Manager nokuyilapho afunda khona kabanzi ngokuphathwa komoba. Wadlulela kwa-SA CANEGROWERS eyi-Grower Support Officer yaseMhlali esigayweni sase-Maidstone, i-Gledhow kanye nase-Darnall. Ube esedlulela esigayweni sase-Gledhow, esebenzela e-Glendale lapho

abeluleka khona abalimi abalima ngokuhlanganyela nangokuniselela. Wadlulela kwa-SASA eyi-Land Reform Co-ordinator lapho athola khona ulwazi olujulile ngokusebenza nabalimi ababuyiselwa umhlaba ngokohlelo lukaHulumeni ebalekelele ngokuphathwa kwamapulazi.

Siyakuthokozela kakhulu ukuba nomuntu onomlando omude futhi ojulile eMbonini kaShukela okuzonezelela ethimbeni lokudluliselwa kolwazi lwesikhungo sakwa-SASRI kubalimi. Sikuphokophele kakhulu ukwakheka kobudlelwano obuqinile phakathi kwabalimi, abacwaningi kanye nososayensi bakwa-SASRI.

Abalimi abangathanda noma abanesifiso sokuxhumana naye ngenhloso yokuthuthukisa ulwazi kwezokutshala nokunakekelwa komoba bangamthinta ku-083 459 7003 noma ku-035 550 7726 nakunyazi lombani ku-Nolwazi.Madlala@sugar.org.za kanti utholakala futhi ehhoisini lasesigayweni sase-USM, Cnr Mill Road and Club Lane Riverview eMtubatuba.





# Asigcine amasimu omoba kungawomoba kuphela



Ibhalwe ngu: Sifiso Hlela kanye no-Patrick Ngcobo

## KUBALULEKE NGANI UKUNQANDA UKHULA?

- Ukhula luncintisana nezitshalo zethu ngendawo, imisebe yelanga, amanzi kanye nemisoco etholakala emhlabathini. Izitshalo kumele zivikelwe okhuleni ukuze zizokhula kahle zisinikeze nesivuno esizosinika inzuzo.


## LUNQANDWA NINI UKHULA EMASIMINI?

- vKubalulekile ukunqanda ukhula lungakaveli ngoba kungaleso sikhathi lapho umonakalo wokhula ungakenzeki khona. Uma kwenzeka luvela ukhula, lunqande lusaluncane lulingana/lisengaphansi kwebhokisi likamentshisi ngobude.

## YIZIPHI IZINDLELA EZIKHONA ZOKUNQANDA UKHULA?

- Ukhula lunqandwa ngokulihlakula ngegeja noma ulihlakule ngezibulala-khula (uphoyizeni).




Ukulihlakula ngegeja kuphela kuthatha isikhathi eside futhi kuyizindleko ngoba uthi uqeda ukuhlakula insimu, ukhula lusuke selumilile lapho uqale khona ukuhlakula. Udinga nabantu abaningi abazokuhlakulela ensimini yakho okumele ubaholele ekupheleni kosuku. Yingakho sincoma ukuthi usebenzise izibulala-khula ngoba zona azidingi abantu abaningi futhi zibulala ukhula isikhathi eside (kusukela emasontweni amane kuya kwayishumi nesithupha. Kuya ngawe ukuthi ukhethe ukusebenzisa siph).  


## KWENZAKALANI UMA UKHULA LUNGANQANDWANGA EMASIMINI?

- Imisoco edingwa izitshalo aziyitholi bese izitshalo zingakhuli kahle. Lokho kube sekunciphisa isivuno. Ukuncipha kwesivuno kwehlisa nenzuzo ozoyenza kuleyo nsimu enokhula.
- Ukhula luphinde lugcine izinambuzane eziyingozi ezitshalweni yingakho kumele lunqandwe kusanesikhathi ukuze kuzokwazi ukuvikeleka izitshalo kulezo zifo.
- Kuphinde kube nokhula olukhiqiza uketshezi olunobungozi kwisitshalo somoba, kwimfuyo nakubantu. Lokho kukhinyabeza inhlalo yabantu, imfuyo kanye nezitshalo.

## ZIFUTHWA KANJANI IZIBULALA-KHULA?

- Kunezinhlalo eziningi zezibulala-khula ezikhona ezisetshenziwayo. Qikelela ukuthi uyalifunda ilebuli lezibulala-khula ozisebenzisayo ukuze ugweme ukufutha izibulala-khula okungeyizo.
- Emphongolweni oqungela/oxubela kuwo izibulala-khula, qala ufaka amanzi amancane ahlazekile bese ufaka izibulala-khula ezisampuphu njenge-Velpark3, ulandelise ngeziluketshezi sabisi njenge-Diuron bese ugcina ngeziluketshezi sanemenayidi njenge-Gramoxone ezinonyweni zakho (njengoba wenza uma uhlanza izimpahla zokugqoka, uqala ngalezo ezimhlophe ugcine ngeminye imibala). Gcwalisa umphongolo ngamanzi ngokwesikalo esinonyiwe bese ugovuzwa kahle ukuze imithi izohlangana phakathi.



# Amasu asemqoka

Isomiso sikhahlameze wonke umuntu ongumlimi nongalimi kuyefana. Sibonile izimvula ziqala zinetha kodwa lokho akusho ukuthi konke sekuhamba ngendlela yingakho izinqumo ezenziwa uma kuhlahlwa zibaluleke ukwedlula ezinye izikhathi. Umlimi kumele ahlale amasimu akhe ngoba izinqumo okumele azenze zincike ekutheni umoba ukhahlamezeke kangakanani emasimini nonokuthi usaqhubeka nokukhahlamezeka yini. Uma umlimi esetshala sincoma ukuthi atshale engalimanga noma elime kancane ngoba kungenzeka umhlabathi uguguleke uma sekufike izimvula, uma enokungabaza angathintana nomeluleki oseeduze naye ukuze athole usizo oluzokwenza kube lula ukwenza izinqumo eziyizo.


## NgoMandulo (September)

- Ukungakhuli kahle komoba akusho ukutho nokhula alukhulanga kahle, kodwa kungenzeka ukuthi lukhule ngamandla ngoba umoba awubhozanga. Futha izibulala-khula ezisebenza isikhathi eside uma ngabe umhlabathi usunomswakama owanele. Ukuze isitshalo sangonyaka ozayo sivikeleke ukhula kumele lubulawe lonke noma kunzima. Qinisekisa ukuthi unabasebenzi abanele abazokwenza lomsebenzi ngokushesha uma isimo sesivuma.
- Ukufaka umanyolo kuyabiza kanti uma ungawufaki ngendlela kufana nokuthi ulahla imali yakho. Ukuthatha amasampula amaqabunga kungasiza ekutheni umlimi azi ukuthi isitshalo sinemisoco engakanani nanokuthi siyayidinga yini eminye imisoco. Izimvula zingenza ulahlekelwe eminye yemisoco (njenge-Nitrogen), siyamukhuthaza umlimi ukuthi ahlukhanise (spilt application) angawufaki wonke kanyekanye umanyolo.
- Kulonyaka imbewu ehloliwe enhle ngeke ize ibe ningi. Umangabe awukasithumeli isicelo sembewu ungahle uzithole usenkingeni ugcine ungayitholi

nhlobo. Abalimi bangatshali ngembewu engahloliwe yagunyazwa abeZifo neziNambuzane ngoba bangalahlekelwa kakhulu kunakuqala. Abalimi kumele bayohlola imbewu lapho bayi ode khona ukuze babone ukuthi ikulungele yini ukutshalwa, izohluma/qhuma nanokuthi ibihlolwa ngabeZifo neZinambuzane. Ukutshala kabusha kuyabiza ngakho umlimi kumele athole akukhokhele.

## NgoMfumu (October)

- Emasimini afuthwe ngezibulala-khula bhaka lesozindawo ezinotshani obenabayo uzibekise kahle. Amasimu abefuthwe ngenyanga ephelile kumele ahlolwe ukuze ubone uma isibulala-khula sakho singalubulalanga lonke ukhula. Ukuze ungamoshi imali nesibulala-khula futha ukhethe amabala.
- Ukhula kumele lususwe lonke ikakhulukazi emobeni ozodluliselwa kwinkathi yokuhlala elandelayo.
- Emasimini akho azodluliselwa kwinkathi ezayo hlolela isihlava nokuthi umonakalo ungakanani esiqwini. Umangabe ubungako besihlava busazingeni avumelekile endaweni nomoba ubukeka usengakhula kahle umlimi kungenzeka kudingeke afuthe isibulala-zinambuzane ukuze isihlava singabe sisanda siphinde sikhahlameze umoba.
- Hlolela ubumuncu bomoba (Sour rot) uma amazinga epezulu uhlahle ngokushesha ungaze umoba wonakale kakhulu.



Ibhalwe ngu: Abeluleki bakwa-SASRI

## NgoLwezi (November)

- Lawo masimu atshalwe uhlobo lomoba oluvamise ukuhlaselwa umabalabala (mosaic) kumelwe aqashelwe abhekisiswe. Izisinde/xhanti ezihlaselwe isiwumba (smut) kumele zikhishwe. Ungatshali phakathi kuka Lwezi (November) no Nhlolanja (February) ukuze ugweme isifo umabalabala kulezo zindawo esiyinkinga kakhulu khona.
- Amabhade nemincele yamasimu kumele isikwe kahle igcinwe ihlanzekile, lokhu kuzosiza ekutheni izifo, izinambuzane kanye nemililo ingazichanaseli ensimini isuka ngaphandle kwensimu.



## NgoZibandlela (December)

- Abasebenzi bazobe besemaholidini kusezandleni zakho mlimi ukuthi uqinisekise ukuthi abasebenzi bahamba yonke imisebenzi okumele yeziwe sebeyenzile.
- Amasampula amaqabunga kumele athathwe ehlobo kuze ubone ukuthi isitshala siyayithola imisoco noma kumele wengeze isikhuthazi.

